

KWETHULWE UMKHANKASO WOKUSOKWA ESIFUNDENI SASE ZULULAND



U Nqongqoshe u Dkt Sbondiseni Dhlomo ubezibambele ngezakhe izandla nabanye odokotela kumkhankaso wokusokwa eZululand

Angaphezu kwamakhulu amahlanu amadoda asokwa ngenkathi lesisi Fundazwe sithula ngokusemthweni umkhankaso wokusokwa kwamadoda esifundeni saseZululand ngomhlaka 10 nomhlaka 11 April 2010.

Babengaphezu kwamashumi amathathu odokotela ababehambe lomkhankaso kanti kubo kubalwa abebephuma emazweni angaphandle okubalwa kuwo I Malaysia, Zimbabwe kanye ne Zambia. Bakhona nabanye ababephuma kwezinye izifundazwe okubalwa kuzo I Eastern Cape kanye ne North West.

Ungqongqoshe u Dr S Dhlomo wakuthozela kakhulu ukuthi odokotela bawuthathele phezulu lomkhankaso njengoba babephume ngobuningi bawo nakulesisifundazwe saKwaZulu Natal. Amukela iSilo samabandla onke u Dkt Dhlomo wachaza indlela umphakathi owuthakasele ngawo lomkhankaso njengoba wawuphume ngobuningi bawo kuzozonke izindawo okwabe kusetshenzelwa kuzo okuyisibhedlela I Benedictine, umtholampilo wakwaNongoma edolobheni, isikhungo sakwa Love Life kanye nase Mahhashini.

Sithula inkulumbo yaso iSilo sibongele kakhulu uMnyango ngokuthathela phezulu lelisiko lokusokwa.

Sigcizelele ukuthi lelisiko lagcina ukwenziwa eminyakeni engama-210 eyedlule ngenxa yokuthi iNkosi uShaka wayengenaso isikhathi esanele njengoba kwakufanele akhe iSizwe samaZulu. Uthe akathandanga ukuthatha indlela eyabe isetshenziswa kuqala yingakho uMnyango weZempilo kuwawo obambe iqhaza ukuze kuphephise izimpilo zabasokwa.

“Sisempini yingakho kumele sigqogquzele intsha ukuthi iziphathe kahle. Abantwana bethu bayaphela ngenxa yesifo sengculazi kanye nesandulelela saso. Kumele kwenziwe izindlela zokufundisa nabafana indlela yokuziphatha kungagcini emantombazaneni” kubeka iSilo samabandla onke. Eghuba uthe uyazi ukuthi kuwo wonke umuntu amehlo athe njo kumqhudelwano wendebe yomhlaba kepha unxenxa bonke abantu ukuthi baziphathe kahle bakhumbule ukuthi umuntu uba nethuba elilodwa lokuphila yingakho kubalulekile ukuzihlonipha.

Abase besokiwe ngalolusuku babekhombisa injabulo enkulu bechazela izisebenzi zoMnyango ukuthi bebenovalo kepha olubuye lwashabalala uma sebesokwa njengoba konke kuhambe kahle.



ZINGAMA-16 IZIKOLE EZIQQUQUZELA IMPILO

Zingama –16– izikole ezigququzela impilo esifundeni sase Zululand. Lokhu kuvele ngomhlaka 16 March 2010 ngenkathi kwethulwa ngokusemthethweni isikole uMphothi Primary School. Uthisha nhloko walesisikole uthi kulesisikole baqala ngonyaka ka 2008 ukuzilungiselela kanti bebezinikele kakhulu ngokubambisana nabazali njengoba ekugcineni se-beze bagcotshwa ngokusemthethweni.

Abafundi balesikole baqeqeshiwe futhi bayazazela ukuthi kuwumsebenzi wabo ukugququzela impilo. Bebechazela abazali, badlale imidlalo yeshashalazi, bacule izingoma ezimnandi, bahaye izinkondlo baphinde bashaye nendlamu ngakho ukugququzela impilo.

Ethula inhloso yosuku u Nkk A B Zulu uthi ngenkathi befika kuthishanhloko walesisikole besuka esibhedlela I St Francis bezothula loluhlelo bamukelwa ngezandla ezimhlophe futhi nothisha bakhombisa ukuthi bazimisele ngokusebenzisana noMnyango. Uqhube wathi yingakho lolusuku kowolwenjabulo kothisha, abafundi nabazali ngoba akuyona into encane ukufinyelela kulelizinga abakulo njengamanje.



Kubonakala ngezitshalo igceke lonke ukuthi uMphothi isikole esigququzela impilo

Umuntu ongena kulesisikole uzibonela ngawakhe ukuthi ngempela uMphothi ugququzela impilo njengoba ukhangwa yizimbali ezinhle, yingadi kanjalo negceke elihlanzekile nezindlu zangase. Isikhulu soMnyango weZemfundo uMnu M A Nxumalo uthi ezempilo sezenziwe zaba ngcono njengoba sekunobudlelwano obuhle phakathi kwalemnyango.

Isikhulumisi sosuku uNkk N M Buthelezi uthi kunezinto ezilandelayo ukuze kuphasiswe isikole njengesigququzela impilo, phakathi kwazo kubalwa imigomo, ukuthuthukiswa kwamakhono, ukusebenzisana nomphakathi kanye nokunye. U Nkk Buthelezi uhalalisele uMphothi wabe esenxenxa nezinye izikole ikakhulu zamabanga aphezulu ukuba nazo zilungenele loluhlelo.

COMMUNICATION INTERN FOR 2010/2011



Zama Mathe: Communication

It is a great privilege for me to introduce myself to all of you. My name is

Zama Mathe. I am an Intern in the Communications office. I live at Ulundi Unit D-Section. I am so excited to be a part of this family and I can't wait to begin this journey with them. I am here to learn as much as I can and take it one step at a time.

I know I will learn a lot from Ms T Ngcobo because she is good at what she does and I

couldn't have asked for a better mentor.

I promise to work hard, and also to be committed to my work at all times. Ngiyathemba lesisikhathi engizosihlala kuleli khaya ngizokuba usizo futhi ngizofunda okuningi ngalomkhakha engikuwona wezokuxhumana nomphakathi wase Zululand



“KUHLE KONKE” KU NONDABA NAKUBA ESEZIBEKE PHANSI IZINTAMBO EMNYANGWENI

UMnyango weZempilo kwisi-Funda saseZululand sivalelise uMnu N P Zondi ngomhla ka 31 March 2010 njengoba esezibeka phansi izintambo ekusebenzeni naloMnyango. UNondaba uqale ukusebenzela loMnyango mhla ziwu 21 January 1980 kanti uthi kwathi mhla eqashwa wayevele azi ukuthi ngalesisikhathi kulonyaka uyobe ezibeka phansi izintambo njengoba kade ayevele ezikalele isikhathi esingangemnyaka engamashumi amathathu esebenza ngaphansi kukahulumeni.

UNondaba waqala wasebenza njengomabhalane njengoba egcine esepethe ezokuthutha kulo lelihhovisi kanti ubepinde asebenzisane nezibhedlela. Njengoba esezibeka phansi izintambo uthi usezoqhuba amabizininisi kanti unqabile ukuchaza inhlobo yebhizinisi azoyenza. Sithe uma simbuza wathi “asingayikhulumeli eziko hleze ibaleke”. Ugcizelele ukuthi angeke aphindele eMsinga lapho ezalwa khona kodwa uzoqhubeka asebenzele la Olundi njengoba evele ehlala khona



uNKK N Mbambo edlulisa isipho ku Mnu N P Zondi ngosuku lwakhe lokugcina emsebenzini

Ethula inkulumo yakhe yokubonga ngosuku lwakhe lokugcina emsebenzini utshele labo abebekade bewozakwabo ukuthi bekumnandi kakhulu ukusebenzisana nabo njengoba kade sebethathana njengomndeni. Ube sedlulisa ukubonga nakubaphathi ngendlela abesebenzisana kahle ngayo nabo.

Bonke abasebenzi abebekhona bebefuna ukuzivalelisela ku

Nondaba indoda ebidume ngokutshela abantu ukuthi “KUHLE KONKE-ALL IS WELL”. futhi ihlezi igcizelela ukuthi ubumnandi umuntu uzenzela yena emsebenzini. Umphathi siFunda uNkk D T Memela uthe uNondaba uyibekile induku ebandla kanti lelihhovisi lizohlezi limkhumbula ngobudlelwane abenabo nabasebenzi njengoba wake wahlomula nangomklomelo wobudlelwane obuhle nabantu (**Good Human Relations**)

UHAMBA KAHLE UMKHANKASO WOKUGOMA IZINGANE EZULULAND

Uqhubeka kahle umkhankaso wokugoma izingane eZululand. Inhloso yokugoma kwezingane ukuvikela ukuthi zingahaqwa izifo ezifana novendle nesimungumungwane. Abasebenzi boMnyango weZempilo ezibhedlela nasemitholampilo baphuma ngobuningi babo bahambela zonke izigceme ezingaphansi kweZululand. Kujanjelwa izinkulisa, izitolo, izikole kanye nalapho kuhlangelwa

Khona ngenhloso yokugoma Ezikoleni kuthathelwe phezulu lokhu kugonywa kwezingane ngoba ngisho nothisha bezingane bekubonakala nje ukuthi bafuna ziwuthole umgomo. Bebezama ukwenza izinhlelo zokuthi kufinyeleleke nakulezi zingane okufike abasebenzi beZempilo zingekho esikoleni ukuze nazo zigcine ziwutholile umgomo ukuze zivikeleke ezifweni. Kulonyaka kugonywa kuze kugicine

Kulabo abaneminyaka eyishumi nanhlanu kusukela kulezo ezizelwe.

Ababhekelele izinhlelo zezingane kulesiFunda bayaphuma bahambele izindawo lapho kugonywa khona ukuze baqinisekise ukuthi konke kuhamba kahle, uma kukhona okungalungile bayazama ukuthi konke kuhleleke ukuze konke kuqhubeka kahle izingane zonke zihambe ziwutholile umgomo.

WONKE UMUNTU MAKAHLOLELE IGCIWANE LENGCULAZI



Ngokujwayelekile ngaphambi kokuba uhlolwe isifo sengculazi kumele lowo ozohlolwa aqale kumluleki ukuze athole ukwelulekwa ngaphambi kokuba ahlolwe. Uma evuma ukuhlolwa kumele kuthi emva kokuhlolwa aphinde alulekwe ukuze azi izindlela okumele azilandele uma etholakale nalo igciwane kanjalo noma engatholakalanga nalo uyaqhubeka nokululekwa aphinde atshelwe ukuthi kumele aphinde ahlolwe emva kwezinyanga ezintathu ukuze kuqinisekise. Wonke umuntu ohlolela igciwane kunoma isiphi isikhungo sikahulumeni kumele asayine ifomu lokuqinisekisa ukuthi uvumile ukuhlolwa.

“Kubalulekile ukuba wonke umuntu azivikele kanti kumele kuqale ekunciphiseni abantu abangenwa yileli gciwane. Ukunciphisa kuqala ekutheni wonke umuntu azazi ukuthi unalo noma cha. Ukuzazi kubalulekile ngoba uzokwazi ukuthola usizo lokwelashwa kanjalo nokululekwa. “ Usho kanje uMasindane eluleka umphakathi waseZululand.



U Nkk N Masindane ongamele izinhlelo zokulwa nesifo sengculazi kanye nesandulela saso.

Kubalulekile ukuba wonke umuntu azihlolele isifo sengculazi kanye nesandulela saso. Kusukela ngomhlaka 1 April kuya ku June 2011 uMnyango weZempilo kulesisifunda unxenxa wonke umphakathi kanye nabasebenzi ukuba baphume ngobuningi babo baye kozihlola, emasontweni, ezitolo, ezikoleni, ezimbonini kanjalo nasezikhungweni zeZempilo.

“Nakuba I **HCT**-okuwukuthi HIV/AIDS Counseling and Testing igquguzela wonke umphakathi ukuba usukume uye kozihlola, amalungelo abantu

asalokhu ehlonishwe njalo”. ku-sho u Nkk Nhlanhla Maindane obhekelele izinhlelo zokwelashwa kwesifo sengculazi kanye nesandulela saso.

UMasindane uthi iNingizimu Africa ibhekene nenkinga yokuhaqwa yisifo sengculazi nesandulela sayo yingakho isikhethe ukuthi lenkinga ibekwe phambili ukuze kuzanywe izindlela zokusiza umphakathi. Uhulumeni useqhamuke nezindlela zokuvikela, ukwelapha kanye nokunakekela nokusiza labo abahaqwe yigciwane lengculazi kanye nesandulela saso.

KUBALULEKILE UKUHLOLELA ISIFO SOFUBA

Ongamele izifo ezithathelanayo uMnu B R Khumalo uthi kubalulekile ukuba abantu bahlolwele isifo sofuba. U Khumalo uthi isifo sofuba siwusomathuba ezifweni ezithathelanayo yingakho kubalulekile ukuthi umuntu onaso ahlolwele igciwane lengculazi, nonalo igciwane lengculazi aphinde ahlolwele isifo sofuba. Kubalulekile

Ukuthi omama abakhulelwe abanegciwane lengculazi kanye nabantwana bahlolwele isifo sofuba ngenxa yokuthi uma ungasheshanga ukuhlola ungaba semathubeni amakhulu okuba ne MDR/XDR. Yingakho kubalulekile ukuzihlola kusenesikhathi ukuze usheshe ulapheke. Kubalulekile futhi ukuthi labo

Abahlala nabantu abanesifo sofuba nabo bazihlola ukuze bahlale bephephile. UKhumalo uthi siyakhula isibalo sabantu abatholakala ne MDR/XDR ngenxa yokuthi bathatha isikhathi eside ukuyozihlola ukuze basheshe basizakale kusenesikhathi.

**MASIBAMBISANE SILWE
NESIFO SOFUBA**



SIXOXA NGEZITHOMBE

KWETHULWE NGOKUSEMTHETHWENI UKUSOKWA KWAMADODA KWAZULU NATAL ESIFUNDENI SASE ZULULAND KWANONGOMA



U Dkt S Zungu echazela uBayede ngomsebenzi owenziwayo kwesinye seziteshi okwakusokwa kuzo.



Isilo Samabandla onke sichaza ngokubaluleka kokubuyisa isiko lokusokwa kwamadoda.



Ungqongqoshe weZempilo u Dkt S Dhlomo amukela labo ababelinde ukusokwa esibhedlela l Benedictine



U Dkt S Dhlomo ebonisana nomunye wodokotela ababehlanganyele kanye naye kulomkhankaso



Abesilisa abase beqedile bekhombisa injabulo emva kokusokwa



Babegida kanje emva kokusokwa emcimbini ababehlelelwe wona eMthashana FET KwaNon-goma.

KUQWASHISWE ABAFUNDI NGEZIFO ZOCANSI

Kusuka ngomhlaka 7 kuya ku 14 February umhlaba wonke ubuqwashisa ngezifo zocansi kanjalo nokukhulelwa kwezingane ezincane. UMnyango weZempilo kwisiFunda saseZululand uhlele umcimbi lapho kuqwashiswe izingane zesikole kanjalo nomphakathi eVuna endaweni yakwa Non-goma.

Lomcimbi ubuhanjelwe iqembu lomuzi wezinsizwa nomkhankaso walo wokuqwashisa umphakathi ngesifo sengculazi kanjalo nesandulela saso. Leliqembu liphinde ligqugquzele umphakathi ngokubaluleka kokuba nengadi okungenani eyodwa umuzi ngamunye.

Kulomcimbi abafundi nomphakathi bagqugquzelwe ngokuzithiba ocansini ukuze bagweme ukukhulelwa okungahlelelwe. Kube sekunxuswa ukuba kusetshenziswe nejazi lomkhwenyana nezinye izindlela zokuzivikela.

U Nkksz Masothole Langa nosebenzangaloluhlelo kuMnyango

weZempilo e Zululand. Kumele umphakathi wazi ukuthi izimvikela nzalo azizivikeli izifo ezithathelana ngocansi kodwa zivikela ukuthi umuntu angamtholi umtwana yingakho uMnyango uthi abantu abazithibe ocansini noma basebenzise ijazi lomkhwenyana.

“Esikhathini samanje kunenkinga yokuthi abantwana bakhulelwa besebancane yingakho thina njengoMnyango weZempilo siphuma sihambela izikole kanjalo nomphakathi ukuze siqwashise abantwana nokuzithiba ocansini. Siyazi ukuthi bakhona ke nalabo abahlulekile ukuzithiba siqguqguzela ukuthi uma usuhlulekile okungenani sebenzisa ke ijazi lomkhwenyana ukuze uvikeleke ezifweni zocansi kanjalo nasesifweni sengculazi nesandulela saso”. Usho kanje u Nkksz Langa eqwashisa abantwana eVuna

Ibikhona neminye iminyango kahulumeni njengoba abantu



UNksz Masothole Langa eqwashisa abafundi eVuna

abaningi bethole ithuba lokushaya omazisi, ukubhalisela izimpesheni kanye nokunye okuningi.

Umnyango weZempilo usebenzise lelithuba wahlola umphakathi isifo sengculazi kanye nesandulela saso njengoba babebaningi kakhulu abantu ababekufisa lokho. Kwabe sekuhlolwa ushukela, I BP kanye nokunye okuningi.



PARTITIONING OF THE BUILDING AND STORE ROOM



Mr J.D Mbatha– Senior Supply Chain Management Officer

Supply chain management and Maintenance sections in the Zululand district office has played a major role in the partitioning of the building and storeroom. This was done after identification of some

high risk factors which impacted our workplace negatively.


State resources and personal properties were lost due to open environment office structure which was allowing uncontrollable entrance and exit to anyone.

We like to thank the management for taking such a very impeccable decision after brainstorming and evaluating the matter at all angles. We have managed to partition the building successfully in order to control access however the biometric system will be installed in due course to ensure a safer working environment and more effective controlled access in the building. We have also partitioned the other area which will

be used as our storeroom/warehouse. We will be able to keep stock and minimize frequent ordering of items that are used on regular basis. Our Logistic section supervisor Mr JD Mbatha and his staff have put a lot of effort in making this idea successful. I would like to compliment SCM staff for all their hard work, May God bless you and your families. “To accomplish great things we must not only act, but also dream, not only plan, but also believe.” Faith is the greatest source of strength that can give you invincible drive power to focus and persevere until you reach your destination.

Mr M C Mthembu

“MAME BHEKA INDODANA YAKHO, NDODANA BHEKA UNYOKO”



Umqhele wameva

Sesifikile isikhathi sonyaka lapho amaKristu emhlabeni wonke ekhumbula usuku olukhulu lokufa nokuvuka kweNkosi uJesu Kristu.

Kwaba buhlungu ukufa kwakhe ngalolusuku efela thina kodwa ibhayibheli lithi akekho omunye owatholakala efanele ukuza emhlabeni ukuzohlenga abantu ngaphandle kwakhe (Iwundlu lo-kuhlatshwa)

Lesi yisikhathi lapho wonke umuntu ophilayo kufanele ake azinike ithuba azihlolisise ukuthi lendaba yokufa kukaJesu efela izono zethu uyayizwa yini.

Ukuthethwa kwecala likaJesu lapho umahluleli wakhe uPilatu ethi umthola engenacala kodwa abamthathe abamangaleli bakhe, kwakukhomba ukumkhaphela.

Ayikho into edlula ukuthi noma kunjalo kodwa uJesu wathi abathethelelwe lokhu okusinika isifundo nathi ukuthi sithethelele abasonayo.

Ake kuthi uma sibuya kuleliphasika nathi izinhliziyiyo zethu zibe zichotshoziwe yizwi likaNkulunkulu njengoba kade liyinala ezindaweni eziningi kubantu abangamaKrestu.

Kubalulekile ukuthi uma sesilizwile iZwi silenze ukuze sithole isibusiso esipheleleyo.

Nanka aMazwi aisikhombisa

Bathethelele abakwazi abakwenzayo. Luke 23:34

Namuhla ngizoba nawe eParadisi. Luke 23:43

Mame bheka indodana yakho, ndodana bheka unyoko. Johan 19:26&27

Eloi, Eloi lama sabaktani. Mark 15:34

Ngomile. Johan 19:28


Kufeziwe. Johan 19:30

Baba ezandleni zakho ngiyawubeka umoya wami. Luke 23:46

INkosi inibusise kulenyanga yokukhumbula ukufa nokuvuka kukaJesu. Sibonga ukubuya siphephile kumaholidi ePhasika.

Mr M G Mthembu

NO ONE KNOWS WHY DOWN SYNDROME OCCURS



Child with Down Syndrome
([wikipedi](#), [free encyclopedia](#))

Down syndrome (DS), also called Trisomy 21, is a condition in which extra genetic material causes delays in the way a child develops, both mentally and physically. It affects about 1 in every 800 babies.

Though Down syndrome can't be prevented, it can be detected before a child is born.

The health problems that can go along with DS can be treated. Normally, at the time of conception a baby inherits genetic information from its parents in the form of 46 chromosomes: 23 from the mother and 23 from the father. In most cases of Down syndrome, a child gets an extra chromosome 21 — for a total of 47 chromosomes instead of 46. It's this extra genetic material that causes the physical features and developmental delays associated with DS.

Although no one knows for sure why DS occurs and there's no way to prevent the chromosomal error that causes it, scientists do know that women age 35 and older have a significantly higher risk of having a child with the condition. At age 30, for example, a woman has about a 1

in 900 chance of conceiving a child with DS. Those odds increase to about 1 in 350 by age 35. By 40 the risk rises to about 1 in 100. If you're the parent of a child diagnosed with Down syndrome, you may at first feel overwhelmed by feelings of loss, guilt, and fear. Talking with other parents of kids with DS may help you deal with the initial shock and grief and find ways to look toward the future. Many parents find that learning as much as they can about DS helps alleviate some of their fears. Physiotherapists, occupational therapists, and speech therapists and early-childhood educators can work with your child to encourage and accelerate development. Check with your doctor or a social worker to learn what resources are available in your area.

THE IMPORTANCE OF WORKING RELATIONS

My name is Smangele Precious Shezi. I'm employed as an HR Practitioner (Employee Relations) in the Zululand Health District Office.

What I like the most about my job is that, I don't only deal with issues of discipline and conflict, but I also play a role in strengthening relationships amongst the employees. Working in the same institution/office, we might not get along very well with each other due to different backgrounds and attitudes; however, it is very crucial that we have that special working relationship with each other.

This would help improve social relations, respect for each other, tolerance and conformity. Good relations in the workplace also promote good governance, less grievances, less conflict, less egocentricity and autocracy, thus creating peaceful working atmosphere and improving service delivery. My advice to people working in the same environment would be

-Respect for the employer, respect for your job and respect for each other.



PS Shezi H R Practitioner - Employee Relation

-Tolerance and obedience towards each other especially between supervisor and subordinates.

-Open communication and polite manner of approach.

Discipline and abiding by the given policies and procedures.

-Accountability., Learning to accept criticism and learning from it.

Utilising available structures to address issues of concern.

-Following proper channels of communication.

-Recognising other's job well done.

"A secret of discipline is motivation. When a man is sufficiently motivated, discipline will take care of itself"

PS Shezi

HR Practitioner – Employee Relations

Zululand Health District Office

CAREER MANAGEMENT AND EPMDS

The CMEPMDS is a component that deals with the development of staff within the institution. The following activities are dealt with to develop the staff:

Training is offered to the employees after identification of the performance gap in the workplace which assists the employees to improve their skills to enhance service delivery.

Internship: The internship Programme assists the graduates from the community who does not have the working experience to gain experience for a period of 12

months. The interns get a stipend during the Programme. Zululand District office receive the appointed interns and ensure that they are allocated with mentors in the components.

In-service training: Zululand District Office also offers in-services training to the students at the tertiary institutions.

Community bursaries: We also receive the application from the community of the people that are willing to study in tertiary the health qualifications.

EPMDS: Is the performance management system that the department uses. As the office, we have to ensure that the staff fill all the EPMDS documents.

For example: performance agreement, work plan, personal development, the half yearly reviews and annual assessment. The personal development plans are the ones that help this component to develop the workplace skill plan for the institution as it is where we get the skills gap of an individual.

INTERNS FOR 2010/2011



Zama Mathe-Communication Office




Dudu Mtshali- Office Management



Xoli Mbatha-Supply Chain Management



Phakamani Vilakazi-Finance Management



Hlengiwe Ndebele- Human Resources

We are truly blessed to be the part of Zululand Health District office. The fact that we were chosen means a great deal to us. Each of us are in different departments so everyone will learn and have enough information about his/her department.

The reason why we are here is to gain experience and to be exposed in what happens in the workplace. Our mentors

will assist us and give us guidance to every tasks that we will be given. All of us are committed and we are willing to learn as much as we can.

We hope our stay in this office will be very rewarding. Hopefully, also the staff will learn something from us.

Compiled by: Thabisile Ngcobo and Zama Mathe Communication Office